USUKU LUKAMAMA

. . .tabernakele, umkhuleko wami. Ngijabule impela kulokhu ukusa, ukubona ukukhwela kokomoya kwalelitabernakele, nokuthi kanjani lokho, isayini phandle lapho, balungiselela ukwakha indlu yokukhonzela entsha manje. Ngicabanga ukuthi iyadingeka. Futhi ubone kamuva. . . uma iNkosi uJesu ilibala, emva kokuba sesihambile, bayoba ne. . .abantwana bethu bayofanele babenendawo yokuba baye endlini yokukhonzela. Futhi sifuna ukuthi "ngokuqinisa silwele iNkolo abayinikelwayo abangcwele." Cabanga ukuthi lokho yinto enhle.

2 Futhi njengoba nje kade ngingena, emizuzwaneni embalwa edlule, ukwenezela ngeziningi zezimfakazo lobo osebuvele bunikeziwe mayelana nokuphiliswa, kwemihlangano embalwa edlule, etabernakele lapha. Zilokhu nje ziqhubeka njalo zinqwabelana, zokuphiliswa, ukuphiliswa okukhulu okumangalisayo.

3 Bengishiye umkami phandle, manje nje, nabantwana e—emnyango; futhi bekunodadewethu, ukhona uhlezi manje, exhuxhuma kakhulu nje waze wakhala, ngesimangaliso esikhulu esenzeke endodaneni encane engumzukulu wakhe, ezansi le, ngiyacabanga, eChattanooga. Nkk. Nash, lapha, indodana yakho encane engumzukulu kade ihlushwa ngukuhlupheka, nomhlangano wokugcina lapha, iNkosi uJesu, ngiyacabanga, yakubiza, futhi yathi, "ISHO KANJE INKOSI, lokho, sekuhambile. Futhi izophila." Futhi umfana omncane uphile saka ngokwejwayelekile futhi uyaphila, uphila impela nje ngakho konke.

Futhi kuya—kuyaxhuxhumisa, uzwa lezozimfakazo.

4 Kwasekuthi-ke umfo omncane, okhona futhi, wacelela uNkk. Stotts umkhuleko, obesanda kuhlinzwa nje. Nokukhathalela kwabo; niyabo, uma kungekho muntu ofuna sibakhulekele, ngani eyabo. . . kuyakhombisa, inqobo nje uma uzama, abantu befuna wena ubakhulekele, ba. . . ukukhathalela, niyabo. Ngezinye izikhathi kuba kubi kakhulu, kuze. . .akubi kubi kakhulu, kodwa abaningi kakhulu, ukuthi nje uze udingeke ugijimele phandle kwenye indawo futhi ubhekise ikhanda lakho le, futhi uthi ukucasha kancanyana, ukuba uphile. Kodwa, ngi—ngiyajabula bayakwenza lokho. Ungalokothi ucabange ukuthi angithandi ukubabona, ngoba uma be. . .uma kwakungekho noyedwa owayefuna ngibakhulekele, ibiyoba kuphi inkonzo yami na? Niyabo? Niyabo?

5 Kodwa ngezinye izikhathi uma uthi, "Mfowethu Branham, angiqondi uma abantu bebiza kanjalo, futhi—futhi

uyomonyukela kwenye ndawo.” Ngifanele ngikwenze lokho ukuze ngiphile, ukukhulekela abantu. Wena nje awu... Akusiyo—kusiyo nje indawo eyodwa, lapha. Kusemhlabeni wonke. Niyabo? Futhi—futhi kunesihluku ngempela. Futhi nginesiqiniseko ukuthi niyakuqonda lokho.

6 O, kuhle kakhulu ukuba umKristu! Angazi nje ukuthi ngangiyokwenzani ukuba kwakungesikho okukaKristu, futhi ngakho...futhi ukuba nenhlanganyelo yobudlelwano namaKristu, lokho, abantu abafana noKholo oluyigugu, abakholelwa kuNkulunkulu futhi bayaMethemba; futhi bayakholwa ukuthi ngolunye usuku olumangalisayo siyoba ngaphezu kwayo yonke lempi, futhi sibe nokunqoba, futhi sime sihlengiwe ekufaneni naYe, ngale kwelinye icala.

7 Futhi-ke ngizothanda ukwenza isimemezelo esincane nje, ukuthi, ekufikeni kwetabernakele, nokunye nokunye, ngi... senza busha isisekelo sethu, kakhulu ingxenye yami yemikhankaso. Kwehle njalo konke emihlanganweni, selokhu ngiqale kulokhu, engxenyeni yobuvangeli, eminyakeni eminingi eyedlule, esikhundleni sokwenza isisekelo, ukuba nelinye iqembu labantu, ngasebenzisa iqembu nje lelo engangazana nalo; futhi kusukela... futhi senza isisekelo, ukuthi yonke imihlangano yami iyophathwa ngaphansi kwegama leTabernakele likaBranham. Futhi nokuthi kuyosetshenziswa eUnion National Bank eNew Albany, njenga lapho imali ebekelwe into ethize ingakhokhwa—khokhwa kulokho, ukuthi ayikuthelelwa. Uma ngingalenzi, yonke imali eyayithathiwe iyothelelwa kimi, uma ngingalisebenzisanga iTabernakele likaBranham njengesisekelo.

8 Abaningi benu bangizwile ngikumemezela lokho, zikhathi zonke. Ngifanele ngikwenze, noku...ukuba ngikwenze lokho. Futhi manje-ke—manje-ke sibeka isisekelo esisha manje. Futhi sizothanda abaningi njengoba bazi ukuthi ngi...Bangaki abake bangizwa ngimemezela lokho, lokho konke kweziphiwo, ngisebenza ngeTabernakele likaBranham na? Phakamisani izandla zenu nje, nonke...Impela, nonke. Kukonke.

9 Futhi-ke uma inkonzo isiphelile, uma nithanda, nginenkulumo mbiko encane lapho, ukuze nina, uma nizoyisayina uma niphuma. Mfowethu Roy Roberson ungaba nayo emuva lapho.

10 Isizathu, sizobeka esinye isisekelo, into efanayo, nje... kodwa esinye isisekelo, ukuthi zonke izimali zethu nezinto, ezithathwe emhlanganweni, sizigcine zingathelelwa, sizo... zibekwa, njengokwejwayelekile, eUnion National Bank, ukuba zisetshenziswe ngetabernakele, esikhundleni sokuba ne—ne foun-...esinye isisekelo. Isizathu, lesi sekuyisisekelo vele, egameni leTabernakele likaBranham, niyabo. Futhi-ke kuno Branham *lapha* noBranham *lapho*, futhi kanje, futhi izisekelo ezihlukene ezingahambi kahle.

11 UMfowethu Roberson uzokunakekela lokho, nina enithandayo, uma sesiphuma. Sizokuthakasela.

12 Manje, kulokhu ukusa, ngaphambi kokuba singene enkonzweni, ngizothanda ukuthi, iNkosi ithanda, ukuthi ngizozama ukubuya kulobubusuku futhi. Ngiyakuzonda ukuthatha imihlangano yomibili kuMfowethu Neville, kodwa ungicele ngomusa ukuba ngikhulume futhi kulobubusuku. Futhi uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma kulobubusuku ngendaba yobuvangeli yokuthi, indikimba ethi: *Ubani Lona na?* Niyabo? *Ubani Lona na?*

13 Futhi-ke kulokhu ukusa, ngifuna u..bengicabanga ngo—ngokukhuluma kulokhu ukusa ngendikimba yoSuku lukaMama. Futhi ngiyazi ukuthi kule ntambama nasekuseni kugcwaliswe ngezinhlelo zoSuku lukaMama. Ngakho ngicabange ukuthi ngizoba nohlobo lokuhlanganisa okuthize, ngoba sifuna ukukhulekela abagulayo ngokushesha emuva kokuba lenkonzo isiphelile, futhi njengokwejwayelekile.

14 Siyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungumphilisi, futhi Uphilisa abagulayo nabahluphekile. Futhi ngiyazi Uyakwenza lokho. Futhi kungaphesheya kwanoma—kwanoma yikuphi ukungabaza, lokho, ngoba kuneziningi kakhulu izimfakazo ezinqwabelene, ukuthi siyakwazi lokho.

15 Izolo kade ngibuka esakeni lelo uMfowethu Gene noLeo abakade beligcina nje, lezimfakazo lezo abakade bezicosha. Futhi beku ngelikhulu isaka lokugqamile, ukuphiliswa okumangalisayo lokho iNkosi ekwenzele abantu.

16 Futhi ngicabangile, uma lokho kuzoba njalo, bekungaba njani ukube besikugcina sikuchazile konke lokho okwenzekile na? Ngiqagele, ePuerto Rico naseJamaica, kuphela, bekuyogcwala ishumi lezinkulungwane, noma kangcono, izimfakazo ezigqamile, zokuphilisa kweNkosi, lokho Ekwenzile.

Manje ngaphambi kokuba sivule iNcwadi, asikhulume kuMbhali.

17 Nkosi, sibonga kakhulu kuWe, lokho ukuthi, uma sikhothamisa amakhanda ethu, siyangingiza ngamazwi nje esifanele siwasho; ngokuba angikholwa ukuthi kusezindebeni zomuntu ukuzwakalisa ukuzwa kwenhliziyo yowesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, oseke waba sekuxhumaneni naWe. Ukuzwakalisa izindumiso zethu, kokuthi siKudumisa kanjani, nokuthi Uchaza ukuthini kithi. Kusehlukanisile esonweni, futhi kusehlukanisile ezweni. Futhi kusinika into eyiPhakade nebusisekile. Futhi ngeke sathola amazwi ngokweneleyo.

18 Njengoba kwake kwashiwo yindoda yezinga eliphezulu, emavikini ambalwa edlule, ukuthi yayingakhuluma

ngokushesha nakalula izilwimi eziyisishayagalolunye ezehlukene, ibambe indawo yayo nomeluleki kuMongameli wethu othandekayo, uDwight Eisenhower. Futhi nakuba ekwazi ukukhuluma izilwimi eziyisishiyagalolunye, kahle; wathi, ngenkathi emukela uMoya oNgcwele, wazizama zonke eziyisishiyagalolunye, futhi akubanga bikho mazwi ayengawathola, akukho ayengakuzwakalisa, futhi ngakho Wamnika ulwimi olusha ukuzwakalisa nokubonga Wena ngalo. Futhi sizwa ngaleyondlela, nathi, Nkosi; ukuthi, uma ukuphila sekuphelile, ukuthi mhlawumbe siyokhuluma ndawonye ngolwimi olwehlukile, ukuze sikwazi ukuzwakalisa esikucabangayo ngaWe.

19 Manje sizocela, Nkosi, ukuthi Uzobusisa lelitabernakele, umelusi walo, abaphatheli balo, abadikoni balo, bonke abenhlanganyelo yobumbano balo, abantu abavakashile lapha, beza phakathi naphandle kweminyango. Kwangathi kungatholwa njalo njengokunikelwe, isisithelo sokuphumula, lapho abadiniweyo bengeza eminyango yaso futhi bathole ukuphumula nokuthula emiphefumulweni yabo. Futhi ukuthi abagulayo bengeza emnyango, futhi baphume bephilile, ngenxa yoBukhona njalo bukaNkulunkulu uMninimandla Ohlala ngaphansi kophahla lalo.

20 Sizocela, Nkosi, ukuthi kuloluhlelo oluzayo lo . . . lolo oselwenziwe manje, ukuthi Uzohlangana nebhodi futhi uhlangane nabobonke. Futhi uma kuKuthokozisa kakhulu ukuthi kuyoba khona isikhumbuzo esiqhubekayo somkhuleko lowo owakhulekwa kulelichibi elidala, nendima yokhula, ngelinye ilanga; ukuthi manje iba yindlu ephethe ilambu lokukhanyisela imikhumbi, isisithelo sokuphumula kwabadiniwe, ngenxa yempendulo yalowo mkhuleko.

21 Manje sixolele ngakho konke lokho esikwenzile, noma esikushilo, noma esikucabangile, lokho okuphambene nentando yaKho enkulu; futhi khumbula, Nkosi, akuvelanga ezinhliziyweni zethu. Singahle ukuba kuphela sikuveze ngendlela yethu noma ngezindebe zethu. Kodwa, ngokushesha, Wena usizwile. Ngenkathi sesibona ukuthi besisephutheni, besivuma ukukuvuma. Futhi asifuni ukukubamba ezinhliziyweni zethu, ububi, khona-ke siyazi ukuthi uNkulunkulu akayikuyiphendula imikhuleko yethu; kodwa ukuvuma zonke izikhathi ukuduka kwethu.

22 Futhi sizocela, Nkosi, ukuthi Uzobusisa, kulokhu ukusa, konke esizweni sonke, njengoba kugujwa umkhosi isikhumbuzo soSuku lukaMama. Kodwa lolu kwangathi kungebe nje u—usuku lukamama; kwangathi kungaba njalo nsuku zonke.

23 Nkulunkulu, siphe kulokhu ukusa, ukuthi omama, abesifazane, abazulazula kude kuNkulunkulu, ukuthi bazoza

kubo uqobo, kulokhu ukusa, futhi bazoqonda ukuthi lichaza ukuthini igama elithi u *mama*, "oyedwa ozalile." Kwangathi angaqonda ukuthi abantwana, kusukela ebunyeni bakhe nendoda yakhe, bekungamatshe amancane angamagugu uNkulunkulu awabeke phansi kokunakekela kwakhe. Khonake, uNkulunkulu uyobeka isibopho kuye ekukhuliseni labo bantwana. Futhi njengoba umBhalo usho, ukuthi, "Owesifazane omuhle, futhi umama, lokho ayikho, ukuthi abantwana bakhe bayombiza ngobusisiweyo."

24 O Nkosi, uma sibona lolusuku, ngenkathi beqhela kakhulu emiBhalweni, futhi beziphathisa cishe okwezilwane! Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosinika uhlobo oludala lwemvuselelo leyo eyobabizela emuva endaweni lapho abafanele babekuyo.

25 Nkosi, singeke, noma yikanjani, sakhohlwa ukuKubonga ngomama bangempela, ngokuba siyazi ukuthi sinabo abanjalo abaphilayo namhlanje; bangempela, omama boqobo. Nkulunkulu, babusise. Bangamagugu amakhulu kithina, futhi siyakhuleka ukuthi Uzoqhubeka ube nabo, Nkosi, futhi kwangathi bangaphila ngokujabula futhi babone isithelo sesizalo sabo sikhonza uNkulunkulu.

26 Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi labo abafake imbali emhlophe kulokhu ukusa, noma iflawa elimhlophe, ukusho ukuthi omama babo udlule ngaphesheya kwalenkundla yokunyakaza namhlanje; kwangathi, Nkosi Nkulunkulu, bangaphumula ngokuthula futhi imisebenzi yabo ibalandele. Siphe khona, Nkosi.

27 Manje thatha iZwi laKho, Nkosi, futhi ukhulume kubantu, futhi ubaphe induduzo, ngokuba yilokho esikuhlanganele lapha; ukuzwa uBukhona baKho, ukuzwa iZwi laKho, futhi sibusiseke; futhi sisuke lapha ukuba sibe ngabesilisa nabesifazane abangcono, abafana namantombazane, nanjengoba besinjalo ngenkathi singena. Sicela lokhu eGameni likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

28 Ngiyakuthanda ukufundwa kweZwi laKhe elibusisiwe. Ngakho manje sizophenya, kulokhu ukusa, eNcwadini yabaseKorinte bokuQala, futhi sifunde ingxenye yesahluko 15, siqale ngevesi 1.

> *Kepha, bazalwane, ngiyanikhumbuza ivangeli enganishumayeza lona nenalamukelayo nenimi kulo;*
>
> Ne*nisindiswa ngalo, nxa* ni*bambelela ezwini enganishumayeza lona, uma kambe ukukholwa kwenu kungabanga-yize*.
>
> *Ngokuba okokuqala nganinika lokho engakwamukela nami ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo;*

Nokuthi wembelwa, nokuthi wavuswa kwabafileyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo;

29 Ningahle nithi, “Mfowethu Branham, lena yindikimba engejwayelekile yomlayezo woSuku lukaMama.” Awu, lokho yiqiniso. Kodwa, niyazi, uNkulunkulu akajwayelekile, futhi Wenza izinto ngendlela engajwayelekile.

30 Futhi ngiyacabanga, imicabango, kamama. Futhi nginaye oyedwa kulokhu ukusa, ngomusa kaNkulunkulu, usalokhu elapha emhlabeni nathi. Futhi ngibonga kakhulu ngomama. Kodwa ngenxa yokuthi besifanele sibenayo, futhi, inkonzo yokuphilisa, futhi ngingazi ukuthi bengizobuya futhi kulobubusuku, kodwa ngicabange ukuthi mhlawumbe singapenda uhlobo olwehlukile lwesithombe.

31 Umama mkhulu kakhulu. Niyazi, owokuqala owakwemukela, kulempilo, umama wakho. Akekho ongakuthinta, ngoba ukhulelwe, futhi ukuthwala ngaphansi kwenhliziyo yakhe. Futhi ungowokuqala ukwazi wena, futhi owokuqala uku, kulempilo, uku—ukukubamba. Khona-ke, ngenkathi uzalwa, ungesinye sezandla zokuqala ezikuthintayo futhi akwesule izinyembezi emehlweni akho. Ungowokuqala ukukumbambatha nokukuthanda, nokukulolozela, kulempilo, umama wakho. Manje, ngicabanga ukuthi akukho ukuhlonipha okwanele esingakunika umama.

32 Umama ngowokuqala enomntwana, futhi unomthwalo omkhulu owokuthi lowomntwana uzoba yini, kuzoncika ngendlela leyo umama ayiqalayo ukuthi umntwana endleleni azofanele ayihambe. Umama unomthwalo, kuNkulunkulu, ukubeka lowomntwana endleleni elungile. Futhi ngiyacabanga ukuthi kungakho omama enokuthinta okukhethekileyo.

33 Ngazi ngomfana kulelidolobha. Kucabanga ukuthi umama wakhe ukhona manje. Cishe uyintanga yami. Kodwa angikusho lokhu ukulimaza umama; ngoba usenokulimala okwenele, njengabo bonke omama. Kodwa umfana uyaphuza, futhi uphuza kakhulu. Futhi uma esedakwe ngempela, uyoza ekhaya futhi agxumele embhedeni nonina futhi amgaxe. Futhi unabazukulu. Kodwa kukhona okuthile mayelana nokumbambatha kukamama nje, lokhu kuthi akuthathe i—indawo ehlukile kunanoma yini enye into engathinta; lokho ukuthi, kulempilo, ukukhuluma ngokobuntu.

34 Niyazi, indoda njengoMose, i. . . Uma ngingahle ngincome noma yini esimilweni sakhe, kwakungoba wayenomama othunye nguNkulunkulu. Niyazi kwakunguye lowo owakhuleka, uJokebedi, futhi ekade eyilangazelele lengane. Futhi ngenkathi izalwa, wayengowokuqala owayilolozelayo, futhi wayisingatha wakha umkhumbi wayibeka ebungwini, ngenkathi inhliziyo yakhe ehluphekile iphuka. Ingane yakhe encane eyodwa kuphela, futhi kwakuyinto e—enkulu egqamile

isiqu esincane esasisezweni lonke. Nokuthi umama uyithanda kangakanini noma iyiphi ingane! Kodwa ukubona lomfo okhethekile omncane.

35 Kwasekuthi-ke, enhliziyweni yakhe, wayazi ukuthi wayezalelwe inhloso, futhi-ke ukumthatha nokumbeka khona impela emphandwini wezingwenya, phandle phakathi emfuleni. Ngokukholwa wakwenza lokho, azi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukumnakekela; futhi ukubukeza uthando lukamama, nokwenza kwesimilo sokholo lwakhe. Ngokuba ukholo aluzibeki lona uqobo phezu kwezihlabathi ezigudlukayo kwalokho olungakubona; ukholo luhlala ngesizotha phezu kwedwala leZwi likaNkulunkulu eliPhakade elinganyakaziyo. "Ngokuba ngokukholwa," kusho umBhalo, "wenza lokhu."

36 Futhi ukholo lungathatha isinqumo salo edwaleni, ukuthi amagagasi ashaya akhiphe izisekelo, futhi lubuke ngqo ukufa ebusweni futhi lwazi ukuthi kuzoba nje kancane, kodwa ukholo lungabuka ngaphesheya kolwandle kuYe owathi, "Ngingukuvuka nokuPhila," futhi kwahluleka ngisho ukuzwa amagagasi ethi fu.

37 Yilolohlobo lokholo umama kaMose ayenalo. Wamfundisa futhi wamkhulisa endlini yenkosi uFaro, emfundisa ukuthi wazalelwa inhloso, ukuthi uJehova uwuphendulile umkhuleko wakhe. Futhi yena . . . wayengeke aba nothisha ongcono. Yilokho okwasiza ekubumbeni isimilo leso uMose ayeyiso.

38 Ngikholwa ukuthi kwakungu Abraham Lincoln owake wenza isitatimende esinjengalesi . . .

39 Manje, angisuye oweDemokrasi noma umRephabliki, mina nje . . . ngingumKristu. Ngoba, ngicabanga ukuthi elinye icala alifanele lisho into ephikisana nelinye; kungukonakala konke. Kodwa, uAbraham Lincoln, emicabangweni yami, wayengomunye waba . . . futhi wayengomunye woMongameli abakhulu kunabo bonke leUnited States eseyake yaba nabo; kuxubene noWashington, futhi kanjalo njalo.

40 Ngokuba, uAbraham Lincoln waba ne—nesiqalo esibi. Wayempofu. Wayengenalo imuva, mayelana nemfundo, noma—noma enye into enkulu, noma imali, noma into eyayingamsiza, njengoba uWashington enza. UWashington wayeyisifundiswa esineziqu zasekholiji, futhi wa—wayazi; wayeyindoda ehlakaniphile, indoda enkulu, ukuqala nje. Kodwa uLincoln wakhuliswa endlwaneni encane yezingodo, phansi kwemihlabathi emikhulu yaseKentucky, futhi kungekho phansi endlwaneni endadlana, ehlezi njengesikhumbuzo lapha eLouisville manje. Kodwa, eyindoda enkulu leyo ayeyiyo, futhi efanele afunde ukubhala, phezu kwenhlabathi ayeyilima, ukutshala ummbila.

41 Kodwa ngingahle ngikwedlulise lokhu kubantu abasha. Niyazi uAbraham Lincoln akaze abenencwadi engeyakhe

empilweni yakhe, waze waba semva kweminyaka engamashumi amabili-nanye, kodwa iBhayibheli nencwadi yabafelukholo kaFoxe? Niyabo, okufundayo kubumba isimilo oyiso. Akumangalisi sinesigejane sabaguliswa yimizwa namhlanje; amaphephabhuku amadadlana angamanga, nenhlamba nombhedo, kubekwe phezu kwalapho kuhlala khona amaphephandaba ethu. WayeneBhayibheli nencwadi yabafelukholo kaFoxe. Bukani ukuthi kumenzeni!

42 Kodwa ebusweni bakho konke lokho, ngelinye ilanga wenza isitatimende kanje. Wathi, "Uma kungabakhona into enhle etholwa kimi, kungenxa kamama omesabayo uNkulunkulu," lowo owamkhulisela ukukhonza iNkosi.

43 Niyabo, umntwana ulalela umama wakhe; okunye ukuthinta okuncane ngalowomama, ukuthi umntwana uyolalela. Uma elimala, uzoya kumama ukuba aduduzeke ngaphambi kokuya kubaba. Ngoba, uyena owaba naye ekuqaleni, niyazi. Futhi kukhona isiphiwo esithile uNkulunkulu asinika umama, ukuba abe ngaleyondlela; ngiqonde umama wangempela. Manje, ngikholwa ukuthi omama bayahlonipheka futhi banokumesaba uNkulunkulu.

44 Kodwa ngiyakholwa, njengeziNsuku zoMama nje, kanje, kuyinkohliso, kwenza inqwaba yemali ngezimbali nezinto. Kodwa usuku lukamama lufanele lube nsuku zonke. Hhayi ukumthumelela isixheke sezimbali ngoSuku lukaMama, kodwa ukumthanda nokumnakekela izinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha-nanhlanu nobusuku, unyaka wonke. Kodwa, kusobala, izwe lohwebo linokubamba okukhulu ezintweni ezinje, futhi ku—ku—kululaza umama.

"O, awu, ngoSuku lukaMama olwedlule ngathumela isixheke sezimbali."

45 Uzokuthakasela, ezinye eziyinqwaba, hlala phansi nje futhi ukhulume naye nje kancane, mbhalele umugqa, mbambathe ehlombe, mange esihlathini, mtshele ukuthi uyamthanda. Kuyohamba kude kakhulu kunazozonke lezozimbali obungazithenga kumtshali nomthengisi wezimbali. Lelo yiqiniso.

46 Ngiyakholwa ukuthi kwakusemiYalweni eyiShumi, uCecil DeMille osewashona, owabhala wayesebeka esibukweni omunye wophisi owedlula bonke webhayisikobho yezwe. Futhi ngaphambi kokuba kubekwe esigcawini, noma kukhishwe, uCecil DeMille wabiza uOral Roberts noDemos Shakarian, nesigejane sabefundisi beFull Gospel, futhi wabathatha wabayisa estudiyo sakhe futhi wabakhombisa iMiyalo eyiShumi engamahora amane, wayesecela umbono wabo ngakho. Nkulunkulu phumulisa umphefumulo wakhe oyiqhawe!

47 Futhi ngenkathi ngikubona, ngangikubuka, futhi ukuphawula okuncane kwangishaya. Uma iningi lenu nina

enasibonayo, kwakungenkathi indodakazi kaFaro . . . ngaphambi kokuba uMose esethole ukuthi waye ngu—ngumHeberu, futhi wayenqume ukuhamba ayohlala nabantu bakubo. Futhi lapho kwakuhlezi umama wakhe owake waba muhle, osekufiphele, nezinwele zakhe ezimpunga nobuso bakhe obunemibimbi, ehlezi esihlalweni esinokokubeka izingalo esidala; umama uqobo. Nendodakazi kaFaro yangena. Futhi wathi, “Ngiyindodana kabani, empeleni na?”

48 Futhi ngenkathi kulethwa ekukhanyeni, ukuthi uJokebedi wayengunina wangempela. Indodakazi kaFaro, nokuzipenda kwayo nokunye nokunye, nakho konke kulungisiwe; yathi, “Kodwa, buka! Angahle abe yindodana yakho, kodwa,” yathi, “Ngimunike ingcebo nolwazi oluningi. Ungahle ukuba awumnikanga lutho kodwa imigodi yodaka olushelelelayo.”

49 Kodwa umama omdala okhanda elimpunga wathi, “Kodwa ngamnika impilo.” Lokho kwenza umehluko. “Ngamnika impilo.” UNkulunkulu wamnika ukuPhila okuPhakade. Uqinise kangakanani, mama!

50 Ngezinye izikhathi abantu bathi kimi, ikakhulukazi njalo emikhankasweni yami, ngi “qhubeka ngishumayela ngokuvuka.” Futhi ngifunde indikimba kulokhu ukusa, isahluko 15 nevesi 4 kwabaseKorinte bokuQala, ngokuvuka.

51 Kodwa, niyabo, indlela ababeka ngayo umama namhlanje, yibhodwe lezimbali lihlezi eduze kwenenekazi elidala, elidala futhi elingeke lakwazi ukusukuma, mhlawumbe, nobuthakathaka, elinekhanda elimpunga, elinembimbi, futhi lihlezi esihlalweni esinokokubeka izingalo. Lokho yiqiniso elenele. Kodwa ngithanda ukuthatha indikimba yami nginipendele esinye isithombe ukuthi umama uyini.

52 Omunye wathi, “Ushumayela kakhulu kakhulu ngokuvuka. Cishe wonke uMlayezo unokuthile ngokuvuka.”

53 Kungani, impela. Kungu—kungubuhle bendawo yokuphumula uqobo yeVangeli. Akunandaba ukuthi Wenzani, uma Engavukanga kwabafileyo, khona-ke konke okwakho kwakusezeni. Kuyi, kimi, kufakazisa ukuthi wayenguNkulunkulu. Kufakazisa yonke into Ayenza; ukuvuka! Kanti futhi kuyindawo yokuphumula komphefumulo. Kuyindawo yokuqala. Kungukuqhelisa umqhele kwenduduzo yethu.

54 Futhi uma sibona ukuthi Wavuka kwabafileyo, kusibeka, nesikhali seVangeli, ekhaleni lempi, ukuthatha indawo, ukulwa. Ngokuba, siyazi Wathi, “Oyolahlekelwa kunguphila kwakhe ngenxa Yami uyakukufumana futhi.”

55 Futhi ngicabanga ukuthi kungukugcotshwa kwenkosi enkulu yeFull Gospel, ngukuvuka, nezethembiso zakho zobuNkulunkulu, nenduduzo leyo enika labo abathemba

kukho. Ngokuba, kuthembisa ubunye bokuhlangana kwethu okukhulu ndawonye futhi. Kuthembisa, futhi uku—kufiphala kwesono sonke. Kuthembisa ukufiphala kokukhubazeka konke, bonke ubuhlungu esabenza kulokhu, sasifanele sedlule nabo, kulempilo. Kuthembisa, nokunyamalala kwakho konke. Kuthembisa ukuthi ngisho ukufa kuyolahlekelwa ukubamba kwakho, futhi siyovuka ekufaneni noJesu. Ngakho, embonweni wami, ukuvuka kuyisithembiso esikhulu kunazo zonke ezintweni zomBhalo. Kukhona lapho kunamatheliswe khona ngophawu.

56 Futhi iPhasika lokugcina, lapho ngangishumayela ezintweni ezinhlanu ezithi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Kodwa, evuka, Walungisisa ngesihle phakade.

57 Lolo uSuku lwami, loloSuku olukhulu lwezinsuku! Futhi ukubona ukuthi luzochazani, kithi sonke, ekuvukeni, njengoba sisebenza futhi silinda loloSuku olubusisiwe lwezinsuku!

58 Kusinika isethembiso ukuthi ngolunye usuku lezi ezindala, ezingenamandla, ezibuthakathaka, izinwele ezimpunga, omama abadabukile bayoshintshwa. Hhayi umama kuphela oyobe ehlezi lapho, ngokwakhe uqobo, kodwa wonke umndeni wakhe naye.

59 Nokuthi kuyoba usuku olunjani! Kuyoba isikhathi esinjani, ngenkathi sibuka ebusweni balabo esibathande kakhulu! Umehluko onje pho kulokho kusa, lapho sesiyobona abathandekayo bethu, no—nokubona abayoba yikho-ke! Zonke izinhlupheko ziyosuswa. Konke ukoniwa wubuhlungu kuyokwenziwa. Kungabikho zihlathi eziphaphathekile zokufa. Kungabikho zinyembezi emehlweni. Ukuvuka kwethembisa konke okwalokhu. Akusayikubakhona mingcwabo. Kungabikho kumbambatha umntwana omncane esihlathini, lokho kunjengengxenye yetshe; lapho umngcwabi egqumisa ngemithi, futhi amphushe futhi ampende, nokunye nokunye, ukubukeka kungokwemvelo. Akusoze kwadingeka futhi, lapho.

60 Khona-ke ngicabanga lapho sesibabona bemi phezulu ngaleya, abathandiweyo bethu, omama bethu, izihlobo zethu, bonke abangani bethu; futhi sibabone emizimbeni yabo engasayikufa, imizimba yabo yasezulwini; sibhekisisa isimilo sabo, sibona ukuthi baziphatha kanjani ngaleyo emnandi ethule, kungasekho kwethuka nengxaki. Ukubabona-ke bemile befana neNkosi uJesu, lolo kuyoba usuku olumangalisayo.

61 Futhi ngamunye wethu, ezingqondweni zethu, sibheke phambili futhi silangazelele lelohora lenduduzo, ngenkathi sihlangana nabo. Ngamunye ucabanga ngothandiweyo wakhe, mhlawumbe umama wabo osewashona. Futhi kuyoba usuku

olunjani pho, lapho usumbona futhi! Futhi nakubaba, nakumfowenu, naku. . . bonke abathandiweyo, kuyoba usuku olunjani pho!

62 Ngiyacabanga, futhi, khona manje. Ngicabanga ngomndeni wami, kuyochaza ukuthini kimi ngalokoSuku.

63 Ngiyakucabanga lokho, ngalokho kusa kokuvuka, mhlawumbe owokuqala oyoza ukuhlangana nami kuyoba nguSharon wami omncane. Qha, uyobe engaqhaqhazeli. LowoDeveli ngeke angena kuleyondawo. Akukho sifo solwembu lobuchopho esingake sithinte leloZwe. Uyobe engangivayizeleli evalelisa kimi. Lawo amancane, amehlo aluhlaza sibhakabhaka ayobe esina lapho ephosa izingalo zakhe futhi ememeza, "Baba!" Ngiyojabula ukumbona, ukwazi ukuthi akasayikuphinda afe futhi; ukwazi ukuthi konke kuphelile, kungani ngishumayela ngokuvuka kangaka.

64 Khona-ke ngiyobona umama wakhe, umama kaBilly, umfana wami. Futhi nginezinkumbulo eziningi khona lapho ezilibalayo. Ngiyakhumbula ngenkathi ngimthatha; noma uMnu. Combs, phezulu lapha, wayemthatha okohambo lokugcina, futhi ngangimlandela, emotweni. Lapho sehla ngoMgwaqo uSeventh, khona lapho; uBilly, enezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ubudala.

65 Kanjani ukuthi babemkhiphela kanjani emgwaqeni, futhi bamdedele ambone. Futhi uyolala futhi akhale izinyembezi, futhi abone ingane yakhe, kodwa akasoze asondele kuye.

66 Futhi-ke emgwaqeni ezansi, umngcwabi uyeza futhi waya ezansi u—u—uMgwaqo uSeventh. UMama lapha wayemnakekela ngaleso sikhathi. Futhi wayemi phandle egcekeni, egqoke ibhulukwe elifishane elincane elenziwe ngokwehlukehlukene, nekepisi elincane elibomvu elidonsele nganhlanye ekhanda lakhe. Futhi lapho lowomama, elele kulolohlaka, ngemuva kuleyo ambulensi, engibhekisisa, lapho ebona ingane yakhe encane imi egcekeni, azi ukuthi wayesethatha uhambo lokugcina; wavuka ohlakeni futhi wamemeza, futhi waphosa isandla sakhe esesingamathambo, ukugona ingane yakhe encane egcekeni. Kodwa wayengeke abanayo.

67 O, kuyoba yinjabulo ukumbona ngalolosuku. Qha, angeke esabanezandla esezingamathambo, izihlathi azisayikuboqoka. Kodwa uyoma emzimbeni wasezulwini omuhle wendlovukazi yaseZulwini, nokukamama. Amehlo akhe amnyama, amnyama njengamaphiko egwababa, ayobe esina ngenjabulo. Uyobe engaqhothile yonke indawo; lapho, lowoDeveli weTB akasoze angena kuleloZwe. Kodwa, ongasayikufa, uyoma esekufaneni naYe.

68 Ngicabanga, khona-ke, ozayo olandelayo ukuhlangana nami kuyoba uEdward, esasimbiza ngo "Humpy,"

ukunqamulela igama. Wayengowokuqala weketango elinamahhuku ayisishiyagalolunye elikhulu, iketango lomndeni wakwaBranham. Waba yihhuku lokuqala ukugqabuka; oseduze kwami. Ngiyombona uEdward eza egijima kimi. Noma, washona engumfana, eneminyaka eyishumi nesishiyagalolunye ubudala. Futhi ngenkathi ngimthatha ngesandla sakhe, ngineqiniso siyoba nezinqwaba yezinto eziningi esiyoxoxa ngazo, zobufana, ngoba sasingoshomi. Sasinamathelene ndawonye. Wayengivumela ukuba ngigqoke isudu yakhe, ne—ne—nezinto, njengoba benza abafowabo bangempela. Kuyoba injabulo ukumbona futhi.

69 Futhi ngiyomuzwa esho into enjengale, "Wayithola inkulumo yami, Bill na? Wawusebenza eplazini lezinkomo, esikhathini sokuhamba kwami emhlabeni. Kodwa esibhedlela, ngathumela inkulumo emuva, 'Tshela uBill yonke into ilungile.'"

Ngiyokujabulela ukuthi, "Yebo, ngayithola inkulumo yakho, phandle enkangala."

70 Khona-ke, ngiyacabanga, olandelayo oyoza ngubaba wami. Wabayihhuku elilandelayo ukushona, futhi . . . Qha.

71 Ngicabanga ukuthi uCharles wayeyihhuku elilandelayo, umfowethu omncane kunami. Waba nengozi yemoto ngenkathi nje esengumfana omncane. Wayehlala njalo ehudula umlenze wakhe wangakwesokudla, lapho ehamba. Kodwa, niyazi, ngenkathi ngimbona, uyobe engasawuhuduli lowomlenze. Kuyoba sekuqediwe ngakho konke, siyoma ebuhleni obukhulu bensizwa.

72 Futhi uyothi kimi, into enjengale, lapho emamatheka. Uyothi, "Yebo, Bill, akukho ngozi phezulu lapha. Futhi ngiyabukhumbula ubusuku ngaphambi kokuthathwa ngiyiswe engozini yemoto, wakhuluma kimi, umi ngasekungeneni kwekhaya lethu elincane elithobekile," futhi ngilibuka phezulu, khona manje. "Wakhuluma kimi ngeNkosi, emahoreni ambalwa nje ngaphambi kokushona. Futhi wawusepulpiti ushumayela ngenkathi ngihamba."

73 Khona-ke kuyoza ubaba. O, sengiyambona. Nakuba enginika okuningi ukushaya okunzima, khona impela nje engangikudinga, kodwa ngiyobona leso siqhova sezimnyama eziyinkimbinkimbi sezinwele, zicwazimula kakhulu kunanininini, ngalolosuku. Futhi uyongibuka, futhi athi, "Mfana wami, uyazi; uBaba angeke esasukuma nhlobo etafulani lapha, nanini, elambile, ukuba adedele abantwana bakhe badle, ngoba lapha sinenala. Akukho neze ukweswela lapha."

74 Ukumbona ngenkathi eyosebenza, futhi amasente angamashumi amahlanu noma angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ngosuku, bese-ke esukuma etafuleni ukuze

abantwana bakwazi ukudla, abuyele emsebenzini futhi. Futhi wayesebenza kanzima iyembe lakhe lize lishiswe yilanga emhlane wakhe, futhi umama wayelisika ngesikelo.

75 Ngiyomuzwa esho into enjengale, “Bill, uyakhumbula ngalobobusuku wena noMfowethu George nifika ningikhulekela ngenkathi ngifa na? Uyazi, ngatshela unyoko ukuthi kwakukhona iziNgelosi ezimbili ezimhlophe zimi embhedeni, nengelosi ebomvu onyaweni. Nengelosi ebomvu yayizama ukungithola, kodwa iNgelosi emhlophe yama phakathi nendawo. Ekugcineni zangithwala zangiyisa eKhaya.”

76 Khona-ke, futhi, olandelayo ehhukwini ukushona, noma owashonayo, kuyoza uHoward. Ngiyobona uHoward; lapho singoshomi ndawonye sinqamula amazwe, ndawozonke; ebizelwa ukuba umfundisi; obukhulu ubuntu, kodwa abahambisana naye babelokhu bembuyisela emuva. Ingxoxo yokugcina engabanayo naye, wathi, “Uma sengishona, Bill . . . ”

77 Nga—ngambona eshona, ngombono, cishe iminyaka emine ngaphambi kokuba ashone. Ngamtshela ngibona uBaba ekala ithuna lakhe futhi ethi wayengolandelayo.

78 Futhi wathi, “Kukhona into eyodwa engifuna ungenzele yona.” Wathi, “Ngidunge impilo yami. Bengiganiwe nayo yonke into. A—angazi kwenzekani.”

Ngathi, “UyaMkholwa, Howard na?”

79 Wathi, “Ngakho konke okukimi, ngiyaMkholwa.” Cishe ezinsukwini ezimbili noma ezintathu ngaphambi kokushona, wenza ukuthula kwakhe noNkulunkulu, noMfowethu Neville nabo lapho. Futhi wathi, “Kukhona into eyodwa engifuna uyenze. Uma ngishona, Bill, yiba nabo bangiculele, *‘UyoQonda, Futhi Athi, “Wenze kahle.”’*”

80 Ngiyakholwa, ngaphambi kokuba ngixhawule uHoward, ngiyomuzwa ema futhi engibuka, futhi athi, “Bill, Waqonda.”

81 Emva kwalokho, kuyoza uMfowethu Seward, uMfowethu Frank Broy, uMfowethu George DeArk. O, ukuvuka kuchaza okuningi kakhulu kimi. Ngimagange ngalelohora lokuqheliswa umqhele elikhulu. Futhi lapho ukuKhanya kuqala ukusabalala, “Siyokwazi njengoba saziwa.” Siyoqonda, futhi— futhi siyokhumbula ukwazana kwethu okunganakekile nalabo—labo okade elapho.

82 Futhi—futhi abaningi, kuyoba nabaningi lapho esingazange sicabange ukuthi bayoba lapho. Ngoba, niyazi, kukuleso sikhathi, ukuthi ngikholwa ukuthi “izinkwa esiziphose phezu komuntu, amanzi akhathazayo, ziyobuyela kithi ngaloloSuku.” Uma sibona imiphumela yobufakazi bethu, kubantu esingasiqondanga isinyathelo sabo mayelana naLo, cishe bayoba lapho. Kuyoba uSuku olunjani pho lolo!

83 Futhi-ke, futhi, imbewu leyo esayihlwanyelayo, singacabangi ngisho nokuthi babeyokwenzani, kodwa nampa lapha. Baletha izithelo eziyigugu, futhi siyobabona ngalokuSuku, abaphiyazayo abathandiweyo nezihlobo.

84 Futhi ngicabanga ngabayizinkulungwane engibabone bephenduka, yebo, kwabayizigidi manje, ukuhamba, nokuthi yayiyini inkonzo yabo. O, kuyothatha okukhulu kunokuvuka. Kuyothatha iPhakade, ukuzungeza, ukuxhawulana nokuthola izinto engingazazi manje.

85 Kuyoba khona labomama abadala abampunga, enibagqokele lezozimbali ezimhlophe okwanamhlanje, abayonibona, futhi bayobabahle. Bengamelelwe yibhodwe lezimbali, noma isithombe somuntu omdala ompunga; kodwa ekufaneni nasebuhleni bokuvuka, bayoma ekufaneni noKristu, imizimba yabo yasezulwini, bebasha futhi bebahle njalo njalo. Impela, lokho ukuphumula. Lolo wuSuku lukamama engilulindele. Lokho ukugcotshwa kobukhosi. Hhayi ukugcotshwa kobukhosi ngembali enephunga elimnandi emphecweni, kodwa ukugcotshwa kobukhosi kwemiphefumulo, ngokuba uNkulunkulu umguqulile!

86 Ngicabanga ngomama wami, omdala nobuthakathaka, futhi eqhaqhazeliswa ukufa kohlangothi. Uyobe engakwenzi lokho ngalokuSuku. Kuyoba okwehlukile-ke. Futhi lokho kuKhanya okukhulu kuqala usabalala, lapho siqala ukuqalaza, futhi indingilizi enkulu iyobe iyangokuya ibankulu futhi ibankulu futhi ibankulu. Konke kubonakalisa nje ukusondela kukaJesu. “Futhi emva kwesikhashana,” njengoba iculo lithi, “futhi ngiyombona uJesu ekugcineni.”

Uyobe engilindile,
UJesu onomusa kakhulu neqiniso,
EsiHlalweni sobukhosi saKhe esihle,
Uyongemukela eKhaya
Emuva kokuba lolusuku selwedlule.

87 Khona-ke lapho siMbona, futhi asiyikuba yikho lokho esiyikho manje. Siyo—siyokwazi ukuthi singaMthanda kanjani kakhulu. Asiyikuma emuva nokwesaba okuncane, ngoba, siyoba njengaYe. Awu, Uyoba yisihlobo sethu esikhulu kunalokho Ayikho manje. SiyoMqonda kangcono. Ngoba, sikude kakhulu, emizimbeni efayo; khona-ke siyoba nomzimba ofana nowaKhe okhazimulisiweyo. Siyokwazi ukuthi singaMkhonza kanjani. Futhi lapho sibona ukuthi uBukhona boBuYena benzeni kithi, busiguqulile; omdala esephenduke wamusha, bonke abakhubazekile sebeqondisiwe. O! Siyoqonda-ke ukuthi kungani amandla aKhe asiphilisa.

88 Imibuzo obulokhu usezingqondweni zethu, “Angakwenza kanjani na? Kungaba kanjani *lokhu* na?” Ngandlela thize, ngokuyimfihlakalo, konke kuyoshabalala. Amafindo ebelikade

liboshiwe ezingqondweni zethu ngemuva, “Ngabe kuyoba yilokhu na? Bekungaba kanjani na?” Ngandlela thize, noma enye, iminwe enobukhosi iyosombulula nje, ithukulule lawomafindo, futhi konke kuyoshabalala kungene ekuqhelisweni imiqhele okukodwa okukhulu kothanda.

89 Khona-ke siyoMbona. Khona-ke siyoba njengaYe. Khona-ke siyoMkhonza. Khona-ke siyombona umama njengoba uNkulunkulu emfuna.

Umama akayikuphelela Lapho ngaphandle komndeni wakhe.

90 Isizathu, isikhathi esikhulu kunazo zonke sempilo yakhe ngukubona izingane zizungeze itafula, futhi zonke ziphilile futhi zijabule; no—no—nokumbona ethela ikhofi, noma ngabe wenza ini, futhi elungiselela ukudla kwakusihlwa, nowakhe nobaba ehlezi phansi. Ngani, leso isikhathi esijabulisa kunazo zonke empilweni kamama, ukubona abantwanyana bakhe bonke besekhaya.

91 Manje, ningakugeji, ningalugeji loloSuku. Makuthi iketango lomndeni wakini lihhukwe ndawonye, ihhuku ngehhuku. Makuthi zonke izipoki zesondo zibe sesondweni. Khona-ke lapho sihlala phansi nemindeni yethu namaqoqo, ngaphesheya kwemipheme ephezu kwesihlalo saPhakade, uSuku olunje pho oluyoba yilo! Khona-ke siyoqonda.

92 KwakunguYe owakwethembisa lokhu, eZambulweni 1, lapho Elasho khona, ukuthi, “Inkemba ebukhali esika-nhlangothi zombili yaphuma emlonyeni waKhe.” “Wayebizwa ngeZwi likaNkulunkulu.” Futhi kwakukulezozindebe ezifanayo, ezathi, “NginguYe ophilayo, owayefile; sengingophilayo kuze kube-phakade naphakade.” Kulezo zindebe ezifanayo, kuJohane oNgcwele 6, amashumi amathathu-. . . kusho lokhu, ukuthi, “Angiyikulahlekelwa-lutho, kodwa Ngikuvusa futhi ngomuhla wokuphela.” NguYe Owenza isithembiso; lezo zindebe ezifanayo eziyigugu. UnguYe Yedwa Osisindisayo, Osiphilisayo, Osihlengayo, futhi Oyosivusa ngomhla wokuphela.

93 Uma uyilelo hhuku elincane elintekenteke elehlukanise lokhu kuhlangana futhi komndeni ngaloloSuku, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, kulokhu ukusa, ngenye indlela ngendlela eyimfihlakalo, ukuthukulula lawomafindo aboshwe engqondweni yenu, futhi kwembuleke kini uthando lolo Analo ngani, futhi kwangathi ningeza ngobumnandi ukuzoMkhonza.

Sisacabanga ngalezizinto, masikhuleke.

94 Ngaphambi nje kokuba sikhuleke, nisakhothamise amakhanda enu, ngizonibuza. Ningathanda, kuloluSuku lukaMama, ukuphinda ninikele kabusha izimpilo zenu kuYe,

nibheke phambili kulokho kuvuka na? Ningaziphakamisa izandla zenu kuYe na? Ngenkathi wonke omuntu . . . UNkulunkulu anibusise.

95 Singabakhona isoni esikhona manje, esingasho ukuthi, “O Nkulunkulu, angikazixhumi mina uqobo kulelohhuku. Ngingokugejayo ongayikuba lapho ngenkathi umama ebuka ezungeza eNkazimulweni. Angeke ngibekhona lapho, ngoba angikakwenzi ukuthula kwami noNkulunkulu. Anginathemba lokuPhila okuPhakade kimi. Kodwa namhlanje ngi—ngifuna ukukwenza lokho”? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham, kulesi isikhathi. Ngifuna ukukhunjulwa emkhulekweni, ngoba nginabathandiweyo ngaphesheya kolwandle, ulwandle lokuPhila, futhi ngifuna ukuhlangana nabo”? Phakamisani izandla zenu.

96 Noma othile ohlubukile, futhi ufuna ukubuya kulolusuku, futhi athi, “Nkosi, ngiyaphinda ukuzehlukanisela Wena mina uqobo lwami futhi; ngiza ukwenza busha isivumelwano sami naWe,” ungasiphakamisa izandla zakho na?

97 Baba wethu oseZulwini, njengoba kusondela, lolusuku luyokwenza usuku olulodwa lusondele kakhulu kulesosehlakalo esikhulu. Futhi kade siphoqwa nje, unyaka ngamunye, ukubona lesi esimelelwe.

98 Njengoba abantu babevamise ukuya phezulu eJerusalema ngoSuku lwePentekoste, nokuhlanza itabernakele nendawo engcwele, no—nomnikelo womnikelo wesono; unyaka ngamunye babekhunjuzwa, ngenkathi lelowundlu lifa lapho, ukuthi kuyofika isikhathi ukuthi iWundlu likaNkulunkulu liyofa, ukwahlukanisa isono. Isikhathi ngasinye lomfo omncane ekhala, negazi lifafazeka ezandleni zabo, babekhunjuzwa ukuthi kuyoba nesikhathi lapho kuyoba neWundlu likaNkulunkulu, eliyokhala, “Eli, lama . . .? Eli, lama . . .?” esiphambanweni.

Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi njengoba sibuka namhlanje futhi sibona ukuthi . . .

99 Emavikini ambalwa adlule, ngaphambi kokushiya inkonzo yaKho, ukuya eCalifornia, le iNdiana ilele ingembethe futhi ifile, futhi kwakungekho ukuphila, ngokubonakalayo. Izimbali lezo ezafa ngekwindla edlule. Amaqabunga asukile ezihlahleni. Futhi amanzi esihlahleni aye ezimpandeni, futhi yonke into isifile.

100 Kodwa kwakukhona inkathi yonyaka ngenkathi ilanga liqala ukukhanya ngendlela ehlukile. Ilanga elifanayo elikade likhanya ebusika, kodwa izinto zishintshile futhi likhanya ngokwehlukile. Futhi ngokukhanya kwelanga, nezinto ezingumsuka wezinye, ukuphila kwagxuma phezulu, ndawo zonke. Amaqabunga abuyela ezihlahleni. Ukushiya . . .

Ukuphila lokho okushiye iqabunga, neqabunga lawa, kodwa ukuphila kwaya emhlabathini; kwabuya ebuhleni obusha, ebuhleni obukhulu bobusha. Imbali eyeke ama—amakha ayo, eyeke ukukhipha imisebe yayo futhi yawela emhlabathini; ukuzala, yaqhuma futhi ebusheni bayo, namakha amasha.

Yini esiyikhunjuzwayo, Nkosi, kulawamahora na?

101 Futhi umhlaba uba ngophuma emakhazeni, ihlane elikhalayo, uye eparadisi lobuhle, futhi izinyosi nezinyoni zicula, yonke into yenamile, nezihlahla ukwe—kwesasa ngomoya omuhle emimoyeni yokufudumala kwentwasahlobo. Imfudumalo nokujabula kwakusemhlabeni futhi, ngenxa yelanga, s-u-n.

102 Kodwa ngelinye ilanga iNdodana i S-o-n iyeza nokuphilisa emaphikweni aYo, nalezozimpilo ezincane ezicashe emanzini esihlahla, emhlabathini, njengo—ngokuphila okusembewini yembali, iyoyibuyisela ebusheni futhi, kungabikho kushabalala. O, siKubonga kangakanani ngalokhu!

103 Futhi bekuneziningi, izandla eziningi eziphakamile kulokhu ukusa, ngoba bayazi ukuthi ngaphezu kweveli lapho, kunokuthize. Bayalangazelela ukubona umama. Bayalangazelela ukubona abathandiweyo nababaziyo, futhi bathole zonke lezizimfihlakalo, ukuthi beza kanjani lapha, futhi phansi esikhathini. Konke kulele ngaphansi kweveli elifihliwe. Futhi ngelinye ilanga Uyeza. Futhi baphakamise izandla zabo; ba—ba—ba—bafuna ukuqiniseka, Nkosi. Bazenza busha futhi, futhi nami nginjalo. Manje sisize, Nkosi. Yenza busha ukholo lwethu namandla ethu.

104 Futhi njengoba sizwa ukusondela kweNkosi. Futhi eminyakeni engamashumi amane edlule, lapho kwephuka ipentekoste elisha phezu komhlaba. UMoya uqala ukwembula izinto. Futhi nakhu lapha esikhona esibonakalisweni sokugcina, ngaphambi nje kokuFika. Siyazi ukusondela kweNkosi kuseduze. Futhi siyababona abagulayo bephiliswa ekuguleni kwabo, obekukade kuyimfihlakalo ezweni, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili, kusukela kubaphostoli. Kodwa nakhu kubonakala futhi, abaprofethi bevuka, iziNgelosi ziyabonakala, izibonakaliso nezimangaliso. Kuyini na? Ukuvuka kuyasondela. INdodana iS-o-n iyeza.

105 Masilungele, Nkosi. Masigone zonke izithembiso zobuNkulunkulu; ningacabangi ngalamafindo amancane andiswe isayense, nokunye nokunye, ukuthi angeke kwenzeka. Mabaqale ukuthukulula, kulokhu ukusa, ngokungayikufa . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . njengoba Ezamazamisa ngaphesheya emaZwini eBhayibhelini likaNkulunkulu, njengensimbi yomculo elungiswe kahle, ukucula isigqi, “NginguYe owayefile, futhi ngiyaphila kuze kube-phakade.” “Kusezakuba-yisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; kepha

nina niyoNgibona." "Ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." "Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; izibonakaliso nezimanga; abadala baphuphe amaphupho, izinsizwa zenu zibone imibono," isibonakaliso semvula yamuva nesikhathi sokuphela. Makuzwiwe phakathi kwethu, kulokhu ukusa, Nkosi, futhi kwangathi ukholo lwethu lungavikeleka. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

USUKU LUKAMAMA ZUL59-0510M
(Mother's Day)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Meyi 10, 1959, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2006 ngabe:

©2006 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

Copyright notice

All rights reserved. This book may be printed on a home printer for personal use or to be given out, free of charge, as a tool to spread the Gospel of Jesus Christ. This book cannot be sold, reproduced on a large scale, posted on any website other than www.branham.org, stored in a retrieval system, translated into other languages, or used for soliciting funds without the express written permission of Voice Of God Recordings®.

For more information or for other available material, please contact:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org